

IHhovisi lakwaSARS Elilawula Impahla Emngceleni linawo amandla okulawula ukunyakaza emngceleni

Tshwane, 23 kuMandulo 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), ngomnyango walo weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, liyaluqonda usizi ababambiqhaza ababhekana nalo lokubambezeleka ekuhanjiswa kwempahla emngceleni i-Beit Bridge.

IHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lithanda ukuqinisekisa bonke abakhokhintela, abahwebi nababambiqhaza ukuthi ukusebenza kweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni sekwenziwa kwaba okwesimanje kuleminyaka eyedlule kwasetshenziswa izinhlelo ze-elethronikhi ukulawula ukugeleza kwempahla nabahambi emngceleni.

Omunye wemiphumela esemqoka yohlelo lwe-elethronikhi oluphuculiwe eBeit Bridge yisikhathi sokudlulisa esisheshayo nokwenze kunciphise kakhulu isikhathi esilindwa amaloli uma ezowela umngcele, okusho ukuthi imigqa ngasohlangothini lwaseNingizimu Afrika isimifishane.

Phezu kwalokho, iHhovisi lakwaSARS Elilawula Impahla Emngceleni alikwazi ukulawula isiminyamina esenzeka emgwaqeni onguthelawayeka u-N1 olibangise eBeit Bridge, uma kunokubambezeleka okungaphezu kwamandla abakwaSARS.

USARS umatasa wethula ezinye izinhlelo zokuphucula izinqubo zokudalula ze-elethronikhi kube ngezakamuva ngokusebenzisa uhlaka lokuhlonza inombolo yepuleti lemoto njengesigaba sokuqala semingcele yobuchwepheshe i-SMART borders.

Lo mklamo uzoqala ukusebenza maduze emingceleni okuzoba yinto enhle emphakathini ohambisa impahla ngoba uzokwazi ukusebenza ngokushesha.

IBeit Bridge ingumngcele omatasa kakhulu ezweni eNingizimu Afrika kanti futhi ihlala ivuliwe 24/7. Isizindalwazi sakwaSARS sinemininingwane eyengeziwe ngazo zonke

izintuba zokungena emingceleni kanjalo nokusebenza kwazo. Vakashela ku www.sars.gov.za

USARS uqaphela ngokukhathazeka isiminyamina esiba semngceleni eLebombo. Sifisa ukwazisa bonke abasebenzisi mingcele ukuthi lesi siminyamina sibangelwa izinguquko ezinkulu ezenziwe yiHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, kodwa hhayi ngasohlangothini lwaseNingizimu Afrika. USARS uzoqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla nozakwethu ukuxhumanisa ukuhanjiswa ngokomthetho kwabahambi nezimpahla kweqe imingcele yethu.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za